Isaziso Esibukali

Kumenywa inhlangano kaCongress waseNatal ngolwesihlanu Nov. 7. ngo 10 o'clock kusasa eMgu'ndhlovu. Ziningi futi zinkulu izindaba okudingeka ibandhla lizixoxe. Onke amagatsha atumele abatunywa.

OKUYOKWENZIWA.

1. Ukuketa ibandhla elizolungisa imiteto kaCongress.

2. Njengoba ngomhlangano ka 28th March, 1919, kwaketwa umfi uSaul Msane, nanjengoba engaseko nje, umhlangano ukipa ukutini ekubeni kufakwe omunye endaweni yake noba uMr. Dube ulungile yedwa, nma umhlangano uvumelana ngokufaka omunye, awumukete.

3. Seloko kwatiwa makubutwe imali yokuwera amanxusa amabili akukabiliko nelingene umuntu oyedwa, lisu lini elingadalwa ukutol k la kwemali.

4. Uma kukona Gatsha lika Congress elingezindaba, elifuna zikulunywe uNatal Native Congress, noba ubani otanda ukuvela umqondo wake kuCongress m ak tumele kuSecretary ngapambi ko ana zibe u5th Nov. uma akwenziwe loko akuko luto oluyoletwa luxoxwa pasati kwesikati sokuxoxa isindaba umhlangano obizelwe zona, mhlaumbe noba kungexoxwe.

5. Umbiko wenhlangano eyayise Kroonstad ngo Oct. 6th.

JOHN L. DUBE, PRESIDENT
M. S. RADEBE, VICE-PRESIDENT
M. M. GUMEDE, SECRETARY.

Kufunwa.

Umcindezeli opambili owazi kahle umshini nako konke kwase Printing office lapa Ohlange.

ILANGA LASE NATAL.

Ukupela kwepepa laseNatal elipuma masont'onke ngesiZulu nesiNgisi. Limele amalungelo abanto nokwakeka kwesizwe ezisekelweni eziqata.

Likokelwa ngonyaka pakati kweUnion,
Ngonyaka 13/-
Ngezinyanga ezisitupa 6/6
" ezintatu 3/6
Ngapandhle kweUnion.
Ngonyaka 15/-
Ngezinyanga ezisitupa 7/6
" ezintatu 4/-

Izaziso zikokelwa kalula manje kanje:—

Ukungena kanye 2/6 nge inch, ukupinda yizexenye, kuze kube kahlanu.

Ukungena kasitupa 2/- nge inch.
" ka 12 1/6 "
" 36 1/3 "
" 52 1/- "

Izincwadi zonepa ziboqondiswa kuMhleli weLanga, Ohlange, Phœnix. Imali iboqondiswa kuRev. J. L. Dube. Izincwadi zonke zibotunyelwa kanye oegama nekeri lomtumeli noma engatandi ukuba livele igama lake kube ukwasi koMhleli. Asiboshwa ngokushiwo ababhaleli.

Isaziso ngoMtungi.

Kufuneka intombazane noma ubani oyingewele yokutunga izingabo zesifazane kahle. Lobela noma nizizele

kwaNGOBAMAKOSI,
106, Field Street,
Durban.

Ofunwayo.

Nginomfowetu owapuma ekaya ngonyaka 1909 eqonde eGoli eyosebenza. Ekugcineni kwami kuleyominyaka wayeseMaraisburg. NguCornelius kaJonathan Kanyile eGeorgedale M. S. Ngikuleka kubazalwane nakodadekasi omaziyo akabhalele lapa

SOLOMON ka J. KANYILE.
c/o H. Miles Esq.,
16, Railway Street.
Durban.

Native Nurses and Midwives.

WANTED, Native girls over 18 years of age and over Standard VI to train for two years for their examinations in Midwifery. £2 per month and uniform.

Write
DR. A. BONFA.
Umzinto.

ILANGA LASE NATAL

Olwesihlanu November 7, 1919.

IZIPITIPITI PESHEYA

IMPI ipela ingapeli pesheya, kona eRussia ilwa njengokuba kade kunjalo eFrance, namaNgisi apakati kwazo iziyaluyalu zakona. Kunjalo nje lonke leli ekade lilwa impi enkulu namhla lilwa eyomsebenzi. Zivuke zi umlilo izisebenzi kusuka eMeleka, eNgilandi nalo lonke lase Europe, ziti umvuzo wokusebenza ucebisa abacebileyo, bona abajulukayo baholelwa imali encane. Yiko loku okubanga ukuba amanani ezinto epuze ukwehla ngoba imisebenzi eminingi okwakubhekeke ukuba kopele impi yepziwe imi, abavumi ukusebenzela imali ekade bejwayele ukuyisebenzela ngapambi kwempi.

Ungabe uyapenye pepa lezindaba ufunde ukuti ekutini badube umsebenzi, ekutini kupalele igazi kubangwa imali. OLloyd George nawoPresident Wilson akade behlushwa imicabango yokuti bazowanqoba kanjani amaJalimani, namhla baputelwa ubutongo bokucabanga ukuti le ngwaqane yokupikis na kwezicebi nezisebenzi zazo bazoyinqoba ngalipi isu. Empeleni izwe lonke elikanyisiweyo limi kabi, akuqondakali ukuti lezi'pitipiti zogcin pi. Ukujabula okwakutakazelwa yizwe lonke mhla amaJalimani ebeka isandhla encwadini yokuqeda impi, sekupenduke kwaba izenxelelana ntuli seluvuka ngapakati emibusweni yonkana. Ezizweni eziningi abantu bafa izifo, inkemba, indhlala, ukutula akuko emhlabeni. Nalapa eSouth Africa lapo kungapalazwa gazi izulu lomise ngangoba indhlala ezoba kona izokwesabeka. Sengati abantu bangayeka izono kumbe uNkulunkulu angabuka ngomsa pezu kwabantu.

Insizwa egqokis'okwesifazane.

Kade, kutetwa icala eliyinqaba nga lapa eKrugersdorp igama layo uWilliam Makali elinye u"Christina". Icala elokugqokisa okwesifazane. OMesis; ababili bati uChristina lo abazange babo neluto ukuti umlisa loku nezandhla zake ezaosisi nje iminwe yake mide, nezinwe le zake azigundi uhlala eshuqula ngedu ku efaka nendandato namacici loku wae ke wa"ngejwa" eGoli ngenye insizwa. Bati nezimanazi zake ezentokazi nje kaNokusho. Udotela wamhlola wati umlisa opelele lo. Ubanjwe ngoba ehlo lwa emapasini. Uti lapo elanda waze wenza loku ngoba waengenapasi lasala eJozi. Ufuna imali apindele kona. INkosi yati maboshwe unyaka usinda ukushaywa ngoba engenzanga manyala.

Owalinyazwa isitimela

Lapa esilobela uMr. F. F. Mtetwa waseBethlehem, O. F. S. uti:—

Ngibone usizi lapa inkosikazi ilinyazwa yisitimela yanqamuka umlenze. Ngabona umhlola umuntu enqamkela pambi kwami. Waati uyehla esitimeleni weporseka pansi kwamasondo. bhekake ebelete nengane, nayo yasinda ngesimangaliso yaputuluzeka nje kepa kena wanqemuka umlenze walimala asesiswini kwapuma amatumbu. Ngiloba nje umpefumulo wona usekona kepa usizi lolu loku tina bantu asiluto bashandelisa izitimela abantu bengakhi ukupelela. Kubo kalomfazi kuseBrakfel, Natal.

Owabulawa yiZulu

Ukufa komromzane wase Evaton uMr. Amon D. Njoko kwaba ngokubuhlungu kakulu etatwa yizulu ehlezi engenacala epakati kwabantabake. UMlobeli wetu uti wabehlezi nje endhlini nabantabake epete emreane emdhlalisa nje. Lite nje ukuwokezela lase lepnka njalo. Layeqa inkosikazi lite ibona wayponsa, ite iputuma inkosikazi ayasiza luto epa yena wabe ehlezi esihlalweni esepelile. Wangcwatshwa ngeSonto nguRev. Makapela. Ube ngumshumayeli waseWeseli umufi lo etembeka kakulu. Ushiya umhlolokazi nabantwana abatatu.

YIYO LE INKATI.

Uma uqaqanjelwa umatambo ungeke utole umuti odhlula isigcobo sohlungu sikaChambalain. Yiyo le inkati yokukuqeda. Ake ulinge lesisigcobo ubone ukushesha kwaso ukusesa ubuhlungu nokujunjelwa. Sitengiwsa yibo bonke abatengisi.

Ezaneno nezaPsheya.

IZITRAIKI YONKE INDAWO

Indhlala yemali kucish'uba akuko zwe lapo ingababulali kona abantu. Kubikwa eMerika ukuti abasebenzi bakona bayastraika naseAustralia abezitimela yiso leso nakwamanye amazwe. Abasebenza ezitimeleni eNgilande bafuna 50/- ngesonto.

o o o

ISIDUMO eGIPITA

Izidumo azifuni ukupela eGipita kungakaciteki igazi. Sisukile esinye ngalo leli elidhlule lapo amapoyisa ati atulise. umsindo owenziwa njalo ngabafundayo nabanye abangamaSulumane abe azitele eminyovwini bavuka bawashaya lapo nawo abuyisa kwajuknjelwana ngamagabha nezinduku kwakubi uqobo ngangoba kwafa abantu aba ama27.

IMISHINI ENDIZAYO

Ngenxa yalesisidumo kutiwa sekutunyelwa kona imishini yokundiza ukuba iyoputuma ukutulisa umsindo lo. Kepa eminye yahamba yapuka endhleleni kwafa abatile.

o o o

AWAVOVEKILE AMAJALIMANA

Noma impi yapela ngokuti amaJalimane ahlulwa atela akufani nokwezizwe ezingenamandhla. Isizwe sonke sakona asivovekile neze. Behlelwa umhlolo nje osabadingisayo ukuba kwema kanjani. Abakakungenisi em'qondweni yabo ukuti bahlulwa. Nanamhlanje kutula kutule kuti ngqi etsheni oguningi okwabe kungamabhaxa ngoba okutelelana amanzi nokokuqeda impi oNkabi abakunakanga ukukufeza babe zihlangulisa amakanda nje. Futi kutiwa yena uKaiser kadelile iji ukuti kasesiyo iNkosi. Abanye bati lapo ehlezi kona kukona uciogo olusuka kona luye lufike ezweni lake eGermany cluhambe pansi komhlaba ezwana ngalo nalabo abasamsekelayo.

o o o

AMANGISI NAMAJALIMANE

Indhlala enkulu ebulala abantu eEurop izokwenzelw'umhlangano eLondon lapo amaNgisi namaJali eyohlangana kona ababelwakonye kukulunywe loludaba olukulu kuhleziwe ndawonye. Ziyaguquka izinsuku.

o o o

ABANTU MENYAMA eGOLI

Kuvukunyeku ukuti eGoli abelungu abatengela emasilaheni bafona ukuhlanga umsindo ngesikati abasisebenzayo ukuba sincishiswe kepa isikolo sabo esikulu yikuba beti abantu abamnyama kuhle bakishwe emasilaheni bangayipati neze ngezandhla zabo ezimnyama inyama. kupenyelwe izikundhla abafana babelungu ukuba kube yibo abapata inyama uma bengafiki esikundhleni sokutengela bawufundele kona umsebenzi.

o o o

UKOMISA kweZULU

Izwe lonke liyakala ngokomisa kwaonyaka. Sekufe impahla eningi. Ziyingcozane izigodi lapo seline kona sekulinywa. Uma lingani kuwo lamasonto imvula enkulu asazi ukuba kopilwa kanjani. Ngenxa yaloku ukubiza kwezinto zonke akugobi kunokuncipa kuya pambili. Akumangaleki ukuba umfo wakiti wati eseNewcastle, Natal lana bati wapumela emvuleni loku waenenqola lapo wapuza amanzi anodaka emvula waguqa pansi watandaza ebonga uNkulunkulu ngemvula.

o o o

INKAMPANE ENKULU YABAMNYAMA.

AMAZWI AMAKULU!

Kade kwenziwe umkosi omkulu ngabamnyama eNew York, wokuqalisa ukuhamba komkumbi wenkampane yabantu abamnyama bodwa. Kutiwa bakuluma kuwo ngokuti izigidi ezingamakulu amane zilola izikali ukuba zilwe nabelungu ngoba kuswe leke iAfrika libe umbuso kaZibuse wabamnyama. Asazi noma bayahlanezelwa yini abakiti kulawomagama loku ukuhlangana kohlanga utambo lanyoka kwabamhlope.

o o o

AMANXUSA AKISHWAYO.

Udaba lwamaNxusa akiti akishwa abalungu balapa eSouth Africa sebetete amatikiti bangena emkunjini lungene emPakatini kwavunywa ukuti kwenziwa abelungu ngoba beti bazokwela nomessi bodwa nezingane engeko amadoda abelungu.

Ipepa elisha

Kupume ipepa elisha laotisha elibizwa ngokuthi "Native Teachers' Journal" [illegible] nguHulumeni elokusiza [illegible] uMbleli walo uDr. Loram

Lizo[illegible] geKwata otish[illegible] bulerom[illegible] [illegible]. Lihle kakulu izindaba ezinkulu ezipambili kakuh ziletshwe yizozi. Into nje sisola ukugandulwa kwamagama abantu lapo besolwa ngokufundisa kwabo. Silifisela impilo enhle nende yosizo.

IQOLO ELIBUHLUNGU.

I xa uzwa ubuhlungu noma ukujiyelwa ngemva ubogeza indawo leyo nesigcobo sika Chamberlain sobuhlungu kabili ngosuku uhlikihlise ngenteude yesandhla amaminiti asihlanu njalo. Ubese ugwakamisa iflaneli ngesisigcobo usubopela lapa kubuhlungu kona. Sitengiswa yibo bonke abatengisi.

IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU

Kusanda kufa ufeleba weqonqela eLondon ebelihlela efukwini kepa imali yake lapa isivulwa eBanke kwafunyanwa ukuwela luyi £15,000 eye ingama Jewels ivi £4,000. Lelofa libhekwe yizihlobe zeningi.

—:o:—

Ukubiza kwezinto eBerlin, Germany kuyamangalisa. Nanka amanye amaanani: Isudi lezingubo £90, izicatulo £4 isikumba siyingcozana njalo. isinkwa sika 2lb. 9/- ibhotela 18/- nge lb. amaqanda (uma ekona) 1/9 lilinye, usbugela 10/6 ilb. isipeke 22/- nge lb. umlenze wengulube uma lb angu 29½ £48-13. inyama yehashi 15/- nge lb. iTea ne Kofi 75/- kuye ku 80/- nge lb. Izinyane lengulube lisandu kutengwa nge £113.

—:o:—

Ubuyile uMr. Eugene Renaud ummeli wase Tekwini odumileyo owaziwa ngokuti uMfushane.

—:o:—

Bale bakweliswa emshinini ondizayo abeSutu abePesheya ngo 31st Oct

—:o:—

Inyanga iyauba netunzi ngoMgqibelo. Koqala ebusuku lipele ntambama ngo 2. 34.

—:o:—

Kuyezwakala ukuvakunyeka kokuti abelungu abasebenza ezitimeleni bafuna itutuke futi imali ngoba izinto yiloku zibiza.

—:o:—

Beku lusuku luka Guy Fawkes owalinga enabanye, ukuqunisa indhlu yoMpakati amaddla neNkosi bepakati wabanjwa esezokwenza. Umkosi wabafana wokoqumisa umsizi.

—:o:—

Udwendwe olunyinqaba lwabafazi boake bepete izingane beyinkulungwane lwahamba emzini waseBristol Pesheya waya eTown Hall yakona lwafike lwanika uMnumzane womzi incwadi yesikalo sabe ngokubiza kobisi.

—:o:—

Liyaqinisa qobo izwi elavezwa yiMantshi yase Alexandra lokuti namadoda abelungu ahlala nabafazi babantu mabakelwe natteto bajeziswe. Izwe seligcwele yonke indawo incwadi yalezizindhlanganu. Lowomteto uyafuneka kabi.

—:o:—

Kusabikwa ukuvela kwamankentshane ngaseMgungundhlovana. Kutiwa avele ngakwaZulu.

—:o:—

Uke wati qu lapa uMr. Gil. Nxaba nomaboti wake okaMakatini Watakazelwa abantwana ngolwesiHlanu kusihlwa ngomculo.

—:o:—

Kubanjwe umuntu eBeira engenefake inqaba yebhalukwe ebelinemaku ku qu ete imali engao £1,500 lapo ebanjwa wati eyeSulumani, sepa lapika. Yase idhiwa isizi ngabakulu.

—:o:—

Icala lomlungu namadodana ake amatatu obekatiwa babola umuntu ngo 1912 sekuzwakala ukuti umuntu wamacala wakwa Hulumeni uti kaz' ukuliqoba.

—:o:—

Uhlaulisiwe uLukas enkantolo yase Mgungundhlovu ngelidhlule ngo £5 noma inyanga ngokutela amanzi obisini lokutengisa kwatiwa maboshwe izinyanga ezimbili ngokumunya amagabha awaxube nobisi

—:o:—

Kusukela ngo Nov. 1 isinkwa samalb. amabili sesibiza 8d eTekwini.

—:o:—

Utisha weBhunu uJan Schutt ePotchefstroom ongungini uqunyelwe iminyaka emihlanu ejele ngecala loku poqa intombazana eseminyaka engu 14 eyifundisa. Iti wayilora ngamabhi ayabe isozi luto. Wapika kepa lamlahli icala.

—:o:—

Omunye umlobeli wetu uti:- Abafundisi (Missionaries) be United Free Church of Scotland badhlulele kunamaBandhla amaningi aseSouth Africa. Bavulele abantu ukuba bazipate. Bona bazosiza lapa kuxega kona, bake ngabaluleki bePresbytery epetwe ngobelusi (Pastors).

—:o:—

NGELOBOLO NESITEMBU- Isivaliwe belu leyo ndaba lapa epepeni. Sesho kulabo asebetumele izincwadi lapa nabazoloba.

—:o:—

Washonelwa yizingane ezimbili uMr. Thos. Ngcoto ngoSeptember odhlule. Abasebenza naye bambhlanganisela izindibilishi bamkalela ngo £2 - 10.

—:o:—

Kutiwa kukona umshini oqanjiwe futi perhera ofike ube yimoto ubuye undize. Umhlaba uya pambili.

—:o:—

Zafa ubutapatapu izimpaku mdhia zihlaselwa lonke isonto Pesheya eNgilande. Sezi yingcozana nje ezisekona.

—:o:—

Izintokazi zakiti aoMisses N. Mnduna noV. S. Makanya ngesonto elidhlule bebeyo faka udaba lwenhlangano yeNtsha eManzimtoti Institute kubafana namantombazana.

YAPENGULELWA IKRUPU.

Imikwazi yokuqala yeKrupu ukusha kwezwi. Inxa umuti kaChamberlain wokukohlela upuziswa umntwana lisasha nje izwi lomuzwana ukuhlabeka kwake kungavinjelwa. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

KASEKO uALFRED JALI.

Ngomgqibelo Nov. 1st. ekuseni kwezwakala udaba olubuhlungu lapa ukuti uAlfred Jali kaseka. Lo umfi bekuyinsizwa eyafunda lapo Ohlange yaqeda yase ifunda umsebenzi wokuciodezela lapa ekade seku nyena opambili emsebenzini lo. Uhlabeke ngoJnly. Ube ngumfana otobileyo kakulu engesikulumi kepa enehliziyo yomsebenzi. Ulahlwe ngawo unggibelo eNanda. Ataningi besikole lapa baya ekulondolozweni kwake ekade efunda ehlezi nabo. Usizi olwehlele abazali bake alukulumeki loku behangazalile kukutilana ne kwabafana. Sibezwela kakulu.

AMANDHLA EVOTI.

(Ngu F. M. MZONELI)

Seku yisikati eside lendaba yangena emqondweni wami kodwa ngicabange ngiti akufanele ukuba ngiyikuime.

Sengize ngabona ukuti kufanele ngoba esikudhleni sokuba abantu bakiti babengcono baqubekela pambili kulobubuti obungesoze bwasaka isizwe.

Indaba yami bandhla lakwetu ile:— Kuzo zonke izizwe ezikanyisiweyo kukona lento okutiwa ivoti eyona kubanjwa ngayo kuyo yonke imisebenzi nemibuso ekona pansi kwelango, ngasho belu ezizweni ezikanyisiweyo.

KwaZulu izwi lika Tshaka lali wamteto ngako tina asiyazi lento okutiwa iVoti.

Uma ke umuntu ebuka ukukuka kwezinhlanga ezimnyama nyatone ukuti naze ziyangena impela kuniomba wokwenza izinto ngeVoti kodwa abaqondi ukuti uma umuntu esepakamise isandhla sake sokunene udinga ukuba angaze abuye ahlponke antweni leyo.

[illegible] into ebulala amabandhla ekoNkosi yiyo lena yokuba abantu bavume into kayasa ukuse sebepand kile, wena nomngeko omhlanga uweni usungese ufunge ukuti uve lomuntu obeuvumisiwe. Futi umuntu owetu bekayo ek fanele ukuti ngoba wehluliwe ivoti ebesell ga ukuyibulala ngokwenza ububi. Kufanele ayeme uma ehluliwe avale umomo.

Lento yokuba ati ngoba umuntu ehluliwe ivoti ebeselwa [illegible] kona ebulala uCongress.

Ngapandhle kokuba umuntu ahlanipe iVoti yabanye abantu ngeke sipanziele noma sigenze njani. Kukona abantu abati uma be[illegible] ngento uze ucalange ukuti kaz pansi ngezulu kanti abanye, uma ngi[illegible] lapase. bahlelwa nawukupumelelisa nercane into abanikwe yona.

Sobanini isikoti lapo umuntu ayeti uma epakamisi isandhla sake sobenene [illegible]ke kuso?

Ikona yini into engapumele a uma abantu bengetembeki? Noma ningabaketa abaholi benu uma lomkala wokungahlonipi abanye abantu usabuse kangaka akuko oknyepumelela. [illegible] ndele emva sifunde ukuhlonipa [illegible] lenye indoda [illegible] uze sibenamandhla [illegible] ela into size siyifele.

Abantu abaningi bacabanga ukuti abelungu bayatandana, kanti sebafundiswa ukuhlonipana iziuhlonpeko. [illegible] ke into esibulalayo sicabanga ukuti izihlakanipi zivela koSobanibani. Uma umuntu ohlakanipileyo evela endhlini epansi sisi, Konje angazalwa umuntu ohlakanipileyo koSobanibani?

Sofunda nini ukuhlonipa iVoti bakwetu? Sasiyate senza uCongress wafa? Sasiyate senza izinkampane zafa?

Ikupi okoze kupumelele okwetu?

Fzase Harts Hill.

Lake lwalunguza lapa ukwayimisa elunguNsukumbili. Ai belu bekungakufunakali luto Ohlupekile lapa nguMr. Mashaba owahamba ebikelwe ubuhlungu bukanina obwaze bwamarela kungakabheki muntu. Simzwela ubuhlungu okaMashaba nezintandane zakwabo loku izwi labadala laliti, "Intandane enhle ngekotwa [illegible]" Abahlobo bake abamnyama nabamhlope bati ukuzwa loko bawa ezikwameni bamkulela ngo£1. 8. 7.

OWEBA IZIMBUZI.

Kubanjwe eGood Hope umuntu okude eloku ehlaba izimbuzi atengise ngenyama kepa engenayo emi esibayeni sake. Usebanjwa ngezomfundisan ezyishumi nesikombisa esetengisa ngazo esilaheni eLedysmith. Lisalinde amajaji ngoba sekuzwakala nezimvu zabelungu ezabe kade zilahleka nezingulube zabantu.

OWABULAWA YIQATA.

Imihla la miningi, umuye unomzane nfe ngendhlela eyinqoba ngalapa Ekupumuleni. Uhlalwe yiqata lenyama edilini lakona wafela kona lapo. Lamhlala empinjeni kepa lapo udotela esemhlola uti ubelamba

ISIVUNGULULUNGU.

Umoya waugomgqibelo ngoOctober 25 udhlule ubakolisile abase Good Hope ngendhlu yabo yesonto yabhidhlika sebeyiqede nokuyifulela. Seku kaningi iwa lendhlu yaseWeseli.

UTINI UMLUNGU?

Lomlungu oti abantu abavulelwe nogologo nce babe yimpupe utiui? Aboti ekwenza abe esetenge amapiko okundiza ngoba imipupe ayihlonipi luto naye angetande luto.

ISCELO SIKA MAFUKUZELA.

Ingone engakaliye ifela embelekweni bakiti. Seku yiminyaka eyi 19 ngaqala lomsebenzi wemfundiso yakuto lapa Ohlange ngibona izikati eziahlelwe uczambi, kepa lesi sanamhla ubuhlaso ngifanele ukunibikela bona ningipe izandhla. Sesingene emacaleni ngokudhla kodwa ukoto, okudhliwa izingane. Yonke into edhliwayo ibiza into engaziwayo, angisatsho luto ngebolo laotisha nezinye izindhleko, ngiti nje uxa isizwa sakini nemizamo yabafisa ukuba siqubekele pambili niyitakazela ake ningenzele iwahla lemicikelo banunazane bakiti, bomame, bodadewetu; kakulu nina zinsizwa enisezikundhleni zemisebenzi enefunda lapa Ohlange. Asizauge siyibone indhlala engaka. Ngitekeliseni ngemaili, ningangijabhisi bakiti.

Yiu i owenu wemihla,
JOHN L. DUBE.
(uMAFUKUZELA.)

Amanani enyama yangapakati eTekwini

Kade kukona ukukuruma lapa eTekwini okade kuhlupa. Abelungu bakemdeleni kade seregega abantu bakulu ngenyama yangapakati. Abantu (obhusha) bate ukubona loko bahla ngana baketa uMzinto Ngcobo ukuba abahole kukulunywe nanakosi akwaKopeletsheni ngaloku. Bafike babezwela abantu kwakulunywa nabelungu baseMadeleni ase amanani emiswa ngaloiuhlebo:—

Iuhloko encane 4/-, enkulu 4/6. Eyombukiso 6/-
Usu 4/-, elikulu 4/5. Eyombukiso 5/6
Ipapu elincane 2/6, elikulu 3/6, Eyombukiso 4/-
Itumbu elincane 2/6, elikulu 3/- Eyombukiso 4/-
Inwani elincane 1/9, elikulu 2/-, Eyombukiso 2/6
Ubende elincane 3d, olukulu 3d, Eyombukiso 3d,

Bonke ke [illegible] yadiswa nabavela ngapandhle obhusha ukuti kaboziten ngaleyomeli [illegible] zinzonke. Abanqumi iku [illegible] obusha basePoint Road, naseMazini naseVictoria Road Yimi.

SIZINTO NGCOBO.

Auguli kakulu Mhlaumbe.

Abantu abaningi abadinga umuti wamandhla bawudebekisela ngoba benganguli kakulu ukuba bezwe kupete ka kabi okudhlula ukukatala nokungabi nmandi. Abaqondi ukuti ukuhlehla kwempilo yabo kuya ngokuya ngangoba nabo abakuzwa ukuti sebehle kanjani empilweni yemihla kuze kuti ubuso obupapatekileyo nemizwa ebutakatake nokudana nokube nozwela kudonse amehlo ezihlobo zako. Noma sekunjalo umuti wamandhla yiwona muti ofanele lapo. AmaPink Pills kaDr. Williams aka impilo entsha namandhla kuzo zonke izito zomzimba. Inhliziyo iba mhlope ekudhleni nokudhla kufike kusebenze kahle esiswini kuvele umbala omusha ezihlatini nasezindebeni, kunci pe ukunaksna ube nenhliziyo enhle kanti kade usunozwela ubone usujabula ngokunye ngokupila.

Lomuti wamandhla awudhlali esiswi ni esingasebenzi kahle nomzimba omubi nokupateka kwegazi elilula nezifo zemizwa. Kwaneningi ukupela kwo kwelashwa okudingekayo. Ngokunika kwawo amandhla amantombazana aku layo amaPink Pills kaDr. Williams akugculisa konke okudingwa ngunina onakekele abantabake.

Umtengisi wakini uyawatengisa ama Pink Pills kaDr. Williams noma kona ngqo kwoDr. Williams' Medicine Co., Long Street, Cape Town ngo3s. 3d. igabha libe linye, noma abe yisitupa ngo18s. iposi ungalikokeli.

Wanted Now

Ten bright boys for special work for fees. Blacksmith, woodwork and the Standards taught. High school next term. Industrial teachers trained.

W. S. Heffman, M. A., Principal, Izingolweni, Natal.



AmaHlulu

Futi umteto wabantu lo okwakubalawa ngawo [illegible] akiti, waungeko, ungabhalwe, wake usekanda kuSomtseu kupela, loku aze waqama ngokubuzisisa kukaSobantu, ebuza ukuti, kuyini zona loku okubheze kuti lapa kubekwa icala kumuntu, utiwe kwenziwa ngomteto wabantu, ubhalwe pa lowo mteto wabantu na? Lavela ke lelibhukwana enilibonayo eliti "Law No. 19, 1891, To Legalise the code of Native Law laid before the Legislative Council according to the Provisions of Law No. 44, 1887."

"I kunisa umteto wabantu owabekwa ngapambi kaeBandha lemiteto ngendhlela yomteto 44, 1887."

Nginganilandisa ngiti loko kumbi kwokubuzisisa kukaSobantu kwenze ukuba kequnuke lelibhuku okutiwa ngciomteto wabantu elalikade lingeko.

Izindaba ezingapambili zaoFodo ka Nambewu inkosi yakwa Dhlamini naoSidoi kaBaleni inkosi yakwaDhlamini naoMatshana inkosi yakwaSitole nabanye asizazi, ngenxa yokuba wabengakabiko lapa uSobantu kuleli. Kodwa isihloko sendaba kaMatshana kaMondise inkosi yakwaSitole, owabulala uSigatiya owabe ebulele induna yake uNtwetwe siqaliswe ukuvezwa nguLangalibalele mdhla kuciteka izwe lasemaHlutshini.

(1) Ngokwesaba ubukulu nokujahela kukaMahoia inxusa lakomkulu, ecabanga ukuti naye usegodhle loko okwakugcdhlwe nguMr. John mdhla edubula uMatshana, owasinda wabaleka waya kwaZulu.

(2) Ngokwesaba ukuti ubizelwa ukuhlawa njengomfo wabo omkulu uDhlomo, owabizwa qede kaZulu wafika wabulawa engone luto. Kutembeka ukuti indaba leyo yokwesaba ukujahela, nejezi lika Mahoiza izakugcina ngokuvela lapa ngenzansi.

Lelo bhukwana "The Native Code" lihumushwe ngumfo kaMomoyi omkulu uMr. S. O. Samuelson ngo 1893, nemba liqondise ukahamba ngomteto wabantu elalikade lingeko ngokubuzisisa kuka Sobantu, ebuza umteto wabantu ukuti upi abhalwe kulipi ibhuku na?

Isahluko XII.

UKWENZA AMANDHLA ESAMBANE.

Murimkulu ubotshwa udingiswa ngu lo, iNgqoza emnyama bhuqe nyatuqe elapaya pesheya kwoTukela, nama [illegible] Nxusa lapa eNgqozeni emhlope [illegible], icala ukuza abotshwe adingeiwe [illegible], ngoba ngumuntu wakwano, angadingiselwa awezinye izizwe. Kepa ngubani owabe engahle akucabange ukuti ziyati izingqoza zijamelele, ziqonde [illegible] ukuti zizandumelana ngenye ilange, ihle ivume enye ukuyimka amandhla enye, ngati seiqonda kahle ukuti akuse usuku zatshwala zingqoza, zikumlane imigomba, zilumane izinema na? Loko kutumela akubangaqo yaluto kwaba ngamandhla esambane nje, noma uSintwangu wakwa Cele wabamba waza waqotuka izinyawo esa lapa eMgungundhlovu. Ingqoza emnyama, kambe yate ibuza ukuti, "Hau! wenzani pela uBaba, ukuba afike ezongibeka lapa, angilaye ngemiteto yonke yokungenzi ingazi, ancle ukusuka lapa kuni egoduka, ati efika ekaya, adhlule ngezinyawo ayobulala izegu elingu Baba na? Ngiyashwelela ngiti, Lanu! makuti noma libukwa libulawelwe ngakimi lapa ngoba ngumuntu wakwetu lowo."

Konje izinsuku zaba ngaki iNkunzi emhlope ingaluwelanga uTukela, yahlasela yaya kuiwa uNkunz'emnyama? Angiti uMutimkulu yamdumela ngo 1873, uZulu yamdumela ngo 1879? Hai! iyahlaba lenkunzi bo!

Otanda ukufunda nokwazi umsebenzi omkulu owenziwe nguSobantu eselapa kulomhlaba kapenye encwadini ka Luke, eshlukweni seshumi. evesini lamashumi amatatu, lapa iNkosi iti, "Kwehla umuntu otile eJerusalema eya eJeriko, wafakeka pakati kwamasela, anklebula, amlimaza, emuka, amshiya esekufeni. Kwasekwehla umPriste otile ngaleyo ndhlela engazelele, wat'ubabone wadhlula malunga naye. Kwanjaloke owakwa Levi otile, wat'ubafike kuleyo ndawo wabona-ke wadhlula malunga naye. Kepa owase Samaria otile ehamba nje wafika lapo ekona, wat'ubabone wambaukela; waya naye wambopa amanxeba, wamtela amafuta newaini, wanikwelisa embongolweni yake, wamyisa endhlini yezihambi wamkweza. Epuma ngomuso wakipa openi ababili, wabanika umniindhlu yezihambi wati kuye, "Uz' ukwenze: oyakukukipa ngaye, ukubuya kwami ngiyankubuyisela kuwe. Konje ngumupi walabo batatu owab' ekaleni nalowo owafakeka pakati kwamasela?" Wati, "Ngulowo owampata ngenchan." Luku X. 30-37.

Angazwi omlinganiso weNkosi yetu ngiwakipa lapa ngamabomu. Angisiye umuntu ovamukuksizakala ngeziBhalo; kodwa ngiwakipa nje lapa, ngenzela ukuba kakubone konke ukufundisa okuyiko. Ozwaqenywa yiyo iNkosi ngoso isekona isisifundise ngomlomo wayo.

UMTETO OMUHLE WOMKAYA.

Kwenze kube umteto womuzi wakokuhlala gnegabha lomuti kaChamberlin womaya nokuhlambulula uzivikele esifweni sesisu. Ipilisa ngokushesha njalo akuke mkaya opepile pandhle kwawo. Utengeswa yibo bonke abatengisi.